
UMKHOMBI-NDLELA

ZULU – Lost

# UKULAHLEKA




Ukulahleka ehlathini elikhulu eligcwele izihomfuhomfu zezilwane nezinyoka eziyingozi nezesabekayo. Ukulahleka ehlane lapho kungekho manzi nandlela namholi, kungakudonsela ekufeni. Ukulahleka kolukhulu ulwandle kungekho nakhampasi, nakudla, namanzi, kungekho ngishoni ekwazi ukuhamba olwandle, kungekho nasivikelo emakhazeni nasekushiseni, lokhu kuyingozi embi. Ukulahleka entabeni ende eyembozwe iqhwa kungukufa impela. Ukulahleka ezweni lesono nokonakala kubi kakhulu, ngoba kuholela ekubhubheni komoya, ukufa okuphakade nesihogo.

Umhlabeleli ubhala "Ngeduka njengemvu elahlekileyo" *Amahubo 119:176*. Izimvu zidinga ukweluswa ukuba zingabi ukudla kwezilwane njengamabhubesi, mamabhele, nezimpisi. Zidinga umelusi weqiniso onjengo Davida, owabulala ibhubesi nebhele. Wayezimisele ukuba alahlekelwe impilo yakhe ngenxa yezimvu. Sidingga uJesu, umalusi weqiniso nowethembekile osevele wanikela ngempilo yakhe ngenxa yethu, usiholela emadlelweni aluhlaza nasemanzini okuphumula. UJesu wathi, "Ngingumalusi olungileyo ngiyazazi ezami, ngaziwa ezami."

Akwanele ukuba izimvu zibe nomalusi nje. Umalusi udinga abe umelusi wempela. Unkulunkulu wathi kuJeremiya, "Abantu bami babe izimvu ezilahlekileyo;abelusi babo babedusa, *Jer. 50:6, 7*. Ningalandeli abelusi abazenza abalungileyo, abazimpumputhe ezihola ezinye. Landelani uJesu oweza wazofuna nokusindisa okulahlekile. Uyokufuna okulahlekile aze akuthole.

Eminyakeni emininingi edlule ngahlangana nabazingeli ababili eNingizimu yentshonalanga yase Africa okwake kwathi ngesinye isikhathi balahleka ehlane lase Kalahari. Babehamba ngenqola eyayidonswa izimbongolo ezingamashumi amabili beya ngasehlane. Sebefikile namakhosikazi kanye nabantwana babo entabeni yokugcina, bamisa amatende abo. Kulaphoke amadoda amabili ahamba ezingela izinyamazane. Ngelinye ilanga bafumana umkhondo womhlambi wezinyamazane abawulandela wabaholela phakathi nehlane, sekuhwalala umzingeli wokuqala wazibona izinyamazane wasebulala idlanzana lazo, wase eqalaza ahamba nabo. Okwadumaza kakhulu ukuthi umzingeli wesibili akabange esabuya. (Wathatha omunye umkhondo ayecabanga ukuthi uya kulowomhlambi, wayengabatshelanga abangani bakhe.) Wabuyela esihlabathini ayesanda kusidlula, ebheka umzingeli, kodwa akamtholanga. Esafuna kwahlwa, weduka okwempela. Wahamba ebusuku kwambili, ezama ukuthola umlilo wasenkambini owawuzomkhombisa enkambini, kodwa wehluleka.

Wahamba amahora angamashumi asithupha nane, waze wakhathala waphela nya esebulawa nawukoma, ulimi seluvuvukele lopha luzilengela nje. Wabona ukuthi ulahleke impela, ubulawa ukoma esihlabathini sehlane elishisayo.

Elele kulesisimo sokufa, waqala ukukhala kuNkulunkulu ecela usizo. Wayengasakwazi ukuphumisela ngezwi elizwakalayo nxa ethandaza, kodwa uNkulunkulu obona inhliziyo yomuntu wakuzwa ukukhala kwenhliziyo. Masinyane lomzingeli owayesezakufa wabona isiphambano sikudana kwathi kulesosiphambono kwezwakala izwi elikhulu, "Ngomile" Wazi ukuthi izwi likaJesu alisho esiphambanweni. Lamguduza njengomjovo. Kwaphela ukoma kwakhe lapho ebona ukuthi uJesu, iNdodana kaNkulunkulu woma ngenxa yakhe esiphambanweni eKalvari. Ulimi lwakhe lwanqamuka ukopha. Wasukuma e zizwa ephila kahle. Ukukhathala konke kwasekuphelile. Wabonga uNkulunkulu ukuthi esiphambanweni uJesu woma ngenxa yakhe, ukuze yena avuselelwe. Wambonga uNkulunkulu ngenhliziyo yakhe yonke, ngokumhlangabeza ngendlela emangalisa kanje. Wase eqalaza, emangele ukuthi angabhekaphi ukuze atholane nayehamba nabo. Esaqalaza, ngokukhulu ukumangala wabona esihle isandla somuntu sivele amafidi amane ngaphezu komhlabathi sikhomba phambili ngomunye umunwe, Esasondela kusona emangele ukuthi ngabe ubona isandla sempela na, sahamba phambi kwakhe. "Kwakuyisandla sikaNkulunkulu nomunwe wakhe," uthi kwathi esilandela amahora angamshumi amabili njalo nje nxa ehamba isandla sasiphambi kwakhe, lapho eema nesandla sime. Ekugcineni isandla sema phezu kwamanzi aqandayo, Waphuza kwaze kwaphela ukoma. Ebheka phezulu wabona ukuthi isandla sinyamalele, ngemuva esihlabathini esiseduze wabona inkambu yabo. Nxa efika wabona ayekanye nabo bemthandazela ukuba uNkulunkulu ambuyise ephilile wabona omunye umzingeli ethandaza. Unkulunkulu naye wayembuyisele ekhaya lakhe ngendlela emangalisayo. Ngoba naye wayelahlekile ethathe umkhondo ongesiwo wazifumana edukile ehlane, wazulazula bonke ubusuku. Efuna inkambu kodwa wehluleka. Ekuseni ngovivi ngokukhulu kumangala wabona indodana yakhe eneminyaka eyisikhombisa, imuqhweba ngasegqumeni elaliseduze. Wamangala ukuthi umfana ngabe uhambe kanjani yonke lendawo eyedwa. Nomake izinyathelo zomfana zazingabonakali, umbono wawukhanya kahle kangangokuthi wahamba waqonda egqumeni lelo, waqhubeka njalo waze wedlula amagqumana esihlabathi ayisithupha, esefika kwelesikho-

mbisa kusukela lapho umfanyana ebemqhweba khona, Wayengabonabona buqamu amathende enkambu. Wayesezifumana eseseduze kombhede wendodana yakhe eyayizilalele kamnandi. Kwase kumkhanyela ukuthi uNkulunkulu wasebenzisa umbono ukuze ahlengeke.

Empeleni sonke nje asilutho, kodwa singabazingeli, sizingela izinto zalelizwe, kumbe umcebo, udumo, inhlalakahle, imali, intokozo, impumelelo nokunye okuningi, bese sikhohlwa ukufuna umbuso kaNkulunkulu kuqala nokulunga kwawo. Siyala hleka ehlane lokomoya lalelizwe. Imiphe fumulo yethu yomela Unkulunkulu ophilayo. Size sikhale kuye sesidadangele, uJesu aze embulwe kithina engumthombo wokuphila. UJesu wathı, "Ngizofuna nokusindisa okulahlekile,"Wafuna imvu elahlekileyo waze wayithola. Ufuna wena nami. Imvu ilahleka kanjani? Ngokufisa into embi, ngokungalaleli iphimbo lomelusi, ngokusala emuva lapho umelusi nezimvu zakhe ziqhubekela phambili, ngokulalela izwi lomlingi noma ngokushiya ezinye izimvu izikhethele awayo amadlelo.

Indodana yolahleko yalahleka kanjani? Wafisa izintokozo ezimbi zalelizwe, akambonganga uyise, wayebanjwe uthando lwemali oluyimpande yokona konke, utixo walelizwe waphuphuthekisa amehlo akhe, ukuba angaziboni, kodwa wasondela odakekeni olubi lwesono kude noNkulunkulu noyise, okwathi imithadazo yakhe yamlandela. Kwathi esaluse izingulube esebulawa nayindlala, wasuka waqonda. Washiya izingulube nomnumzane wakhe omubi, owayengafuni noma adle amakhasi adliwa izingulube. Waya kuyise wathi, "Ngonile phambi kwezulu (UNkulunkulu) naphambi kwakho, angisafanele ukuthiwa indodana yakho." Akamangalelanga muntu ngaphandle kwakhe ngokuthi:- "Ngonile" *Luka 15:11-32.* Uyise omthandayo wamemukela kahle ngokuthi "Lendodana yami ibifile (ngokomoya) isivukile, ibilahlekile, isitholakele." UJesu wathi "Yimuphi umfazi onezinhlamvu zemali eziyishumi alahlekelwe olulodwa, angokheli isibani asheyele indlu afunisise aze ayithole, nxa eseyitholile ameme izihlobo zakhe, athi "Thokozani nami, sengiyitholile inhlamvu yami ebilahlekile." Akekho ongasola uhlamvu ngokulahleka. UMariya noJosefa balahlekelwa uJesu eThempelini eJerusalema, bamfuna izinsuku ezintathu, baze bamthola. Izinkulungwane ezikhuthele zamalunga amasonto zisalahlekile, ngokuka Jesu. Abazange nje bamzuze ngokufanele, Abaza zange bazalwe ngokusha ngezwi nanga oMoya oyingcwele, ngokumamukela uJesu njengoMsindisi wabo. Ngokombuso kaNkulunkulu balahlekile UJesu wathi, "Phendukani ngokuba umbuso kaNkulunkulu" usondele "Uma umuntu engazalwa ngokusha angengene embusweni kaNkulunkulu" Khumbula ukuthi uJesu usafuna ukusindisa abalahlekile. Ufuna wena, uma umfuna uzofunda ukuhlangana okuhle okwedlula konke empilweni yakho. Kumbe ulahlekelwe ukuthulakwakho, ubumhlophe bakho, intokozo yakho yokuthethelelwa izono, ubufakazi bakho phambi kukaNkulunkulu nabantu. Kufune uze ukuthole kuJesu. Kumbe ulahlekelwe impilo yakho, isikhundla sakho, umsebenzi wakho, umholo wakho, noma imali yakho. Letha izinsizi zakho, nobuhlungu benhliziyo yakho eNkosini ekwaziyo ukukubuyisela konke noma kuyini. Kepha khumbula, "Ofuna ukuphila kwakhe uyolahlekelwa yikho, nalowo olahlekelwa ukuphila kwakhe ngenxa kaKristu uyokufumana. " ungazuza izwe lonke ulahlekelwe umphefumulo wakho okuyonanto enkulu kakhulu kunomcebo wonke walelizwe.

Sonke nje ngokufanayo silahlekile asinathemba ngenxa yezono zethu "Uma sithi asinasono siyazikhohlisa alikho kithina iqiniso, Uma sithi asonanga siyamenza onamanga izwi lakhe alikho kithina' *I Johane 1:8, 10.*

Akukho namunye kithina odinga ahlale kulesi simo ngoba iNdodana yomuntu, ize ukuzofuna nokusindisa okulahlekile. *Luka 19:10.* INkosi iseduze nawe, uma uyifuna uzoyifumana, kodwa kwenze manje. "Funani uJehova esenokutholwa, mbizeni eseseduze" *Isaya 55:6.* Kukhona into eyodwa eyiqiniso impela, ukuthi uMsindisi ofunayo nesoni esifunayo bayogcina betholene nakanjani. "Uma umfuna uyomfumana" *Math. 7:7.* Uma usumtholile, wanikela impilo yakho, nentando yakho nengomuso lakho ezandleni zakhe kuyakuthi yena ongumalusi omuhle wezimvu akuholele emadlelweni aluhlaza ekuphileni okuphakde. Nina enilahlekile, mbizeni, ningabe nisangabaza. "Kuyathi bonke abakhuleka egameni leNkosi basindiswe. *Izenzo 2:21.*


# PHUMA

Phuma ekubusweni isono. Phuma embussweni kasathane. UJesu iNkosi yamakhosi. Umbubuso wobumnyama wahluliwe nguJesu iNkosi yokukhanya, iNkosi yokuthula. Phuma ebugqilini besono nasebugqilini bukasathane. UJesu weza ukuzokukhulula. Wakhokha intengo yokuhlengwa emthini waseKalvari. Wakufela ukuba akukhulule.

Phuma ebugqilini bokwesaba, ukwesaba ukufa, lokhu usathane akubophe ngakho ezinsukwini zonke zempilo yakho. UJesu unqobe ukufa nokona wakubeka obala esiphambanweni, lapho afela khona wena nami. Wangena endaweni yokufa wanqoba ukufa. Wavuka ethuneni waphila ingunaphakade. Siphila ngoba uJesu uyaphila. Sibethelwe sifile ezweni, ezonweni nakumina, ngoba uJesu wabethelwa wafa endaweni yethu. Kepha wavuka ukuba thina silungiswe ukuze kuthi ngaye sibe nokuphila okuphakade.

Usathane owake waba ingilosi evikelayo, ingilosi engumlindi yalelizwe, waziphakamisa phezu kukaNkulunkulu wathi, "Ngokhuphuka phezu kwamafu ezulu, ngoba ngangaye ophezu kwakho konke." Kepha uNkulunkulu wathi, "Uyakulethwa phansi esihogweni, emacaleni omgodi." *Isaya 14:12-16.* Usathane iNkosi yalelizwe unqotshiwe. Akasenakuzibusa izigqili zakhe, ngaphandle kokuba zona zizinikele kuyena ngokuthanda kwazo.

UNkulunkulu usitshela ukuba siphume phansi kombuso wesono nosathane, umise uJesu ukuba abe ngumbusi wabantu neNkosi yakho konke, Ngakho phumani kubo nahlukane nabo, isho iNkosi. *II Korinte 6:17.*



Kindly write to us if you are able to assist us with further translations of our free Gospel literature, informing us of the language into which you could translate this Gospel literature. Your assistance would be appreciated.

If you have found salvation in Christ, or have been otherwise blessed through our Gospel literature, please let us know. We would like to thank God with you, and remember you further in our prayers.

For **free** Gospel literature, books and tracts in over 540 languages, write to:
EMAIL: info@angp.co.za
**ALL NATIONS GOSPEL PUBLISHERS**
**P.O. Box 2191, PRETORIA, 0001, R.S.A.**
(A Gospel Literature Mission financed by donations)
(Reg. No. 1961/001798/08)